basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## 2021

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   | | | |
   |---|---|---|
   | ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
   | ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (2 x 25) (50) |

   **QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Ngangithi ngiyasiza kanti ngizigwaza ngowami. **[50]**

1.2 Ubungozi bokufisa ukuphila impilo ewubukhazikhazi ungayisebenzelanga. **[50]**

1.3 Umuntu engamthola ezinkundleni zokuxhumana. **[50]**

1.4 Ukuzejwayeza ukudla kwasezindaweni ezidayisa ukudla okuphekiwe kunobubi nobuhle kwakho. **[50]**

1.5 'Abanikezwe ithuba abelaphi bendabuko emnyangweni wezempilo.'

Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? **[50]**

1.6 Wayenephupho elihle ngempilo yakhe. **[50]**

1.7 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-4 kuya kwelesi-5 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.7.1 noma 1.7.2) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Bhala incwadi uyibhekise kumzali wakho umbonge ngokuzinikela kwakhe ekukulekeleleni njengoba kade uzilungiselela ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka. **[25]**

2.2 **IKHARIKHULAMU VITHAYE KANYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO**

Uhulumeni uvule isikhungo sokuqeqesha othisha abazofundisa ulimi lwabakhuluma ngezandla/ngezimpawu.

Ovumeleke ukuba afake isicelo makabe nalokhu okulandelayo:

- Umuntu okwazi ukukhuluma nokubhala isiZulu
- Umuntu okwazi ukusebenzisa ikhompyutha
- Umuntu oqeqeshelwe ubuthisha
- Umuntu onezincwadi zokushayela
- Umuntu okwazi ukufundisa ulimi lwabakhuluma ngezandla

**Bhala** ikharikhulamu vithaye kanye nencwadi ehambisana nayo **ukufaka isicelo sakho.** **[25]**

2.3 **I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Indawo enihlala kuyona isigcwele izakhiwo ezingahlali muntu. Lezi zakhiwo seziphenduke izidleke zezinswelaboya.

Bhala i-athikili yephephandaba ubeke izikhalazo kanye nezisombululo zalolu daba. **[25]**

2.4 **ISIBUYEKEZO**

Isikole sakho sisungule iphephabhuku elibhala ngezindaba kanye nezinto ezenzeka esikoleni ukuze sikhangiseke emphakathini. Ungomunye wabaceliwe ukuba ubuyekeze iphephabhuku lokuqala elikhiqiziwe.

Bhala isibuyekezo saleli phephabhuku. **[25]**

2.5 **INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Emndenini wakini sekusele umuntu oyedwa kuphela oseyingwevu/osekhulile. Ube nengxoxo naye umbuza ngamasiko nemikhuba yakini ukuze lo mlando ungapheli kodwa udluliselwe ezizukulwaneni ezizayo.

Bhala **inkulumo-mpendulwano/ingxoxo** ephakathi kwakho kanye nale ngwevu. **[25]**

2.6 **INCWADI YAKOMKHULU**

Isikole sakho sinenkinga yokuthi kwakhiwe indawo yokucima ukoma ngophuzo oludakayo eduze kwaso.

Bhala incwadi yakomkhulu usebenzise ikheli elingezansi uyibhekise eKhanseleni le ndawo ukhalaze ngalesi simo.

UMshwathi Municipality, Private Bag X 76, Wartburg, 3233. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**